Bavuselele isikhwama esiboleka osomabhizinisi

BONISWA MOHALE

SETHULWE kabusha isikhwama sesisiza osomabhizinisi ngemali i-KZN Growth Fund esasungulwa eminyakeni eyishumi edlule.

Ngokusho kwesikhulu esiphezulu se-KZN Growth Fund uMnuz Siddiq Adam bazongena emkhankasweni wokukhangisa isikhwama sabo ngoba bathole ukuthi yize sesibe khona yonke le minyaka kodwa asaziwa.

"I-KZN Growth Fund yasungulwa ngo-2004 kanti isisize izinkampani ezimbili okuyi-Southern African Shipyards ethole ithenda ka-R1.4 billion ngesonto eledlule ne-Dark Fibre Afrika Initiative efaka amakhebuli ezokuxhumana ngaphansi komhlaba nasolwandle. Kwadaleka amathuba angu-4 201 omsebenzi kwathuthuka nomnotho waKwaZulu-Natal emikhakheni ebishoda ngabamnyama. Sifuna abantu bazoboleka imali kithina njengoba sisele no-R500 million kulo nyaka wezimali," kusho u-Adam.

I-KZN Growth Fund yasungulwa nguMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho KwaZulu-Natal ngosizo lwe-Development Bank of Southern Afrika ne-Standard Bank, inabasebenzi abangu-20 abayizazi emkhakheni ehlukahlukene kwezomnotho.

Okwenza ukuthi i-KZN Growth Fund ingaziwa wukuthi ibinenzalo ephezulu ngakho abantu bebengakukhuthaleli ukuboleka imali kuyo.

Ibiphethwe ngendlela engajwayelekile, ingenayo imikhiqizo eminingi futhi imali eningi ichithwa ekukhokheleni izindleko zokusebenza kwayo.

U-Adam uthe sebenendlela ehlelekile yokuphatha, kunebhodi elisha eliqokwe nguNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha neMvelo uMnuz Michael Mabuyakhulu.

Abantu bayashesha ukuyithola imali futhi izindleko zokusebenza kwe-KZN Growth Fund zisuke ku-R46 million zaya ku-R28 million okusho ukuthi sekukhokhelwa ugesi, amanzi irenti namaholo abasebenzi.

Inzalo yakhona isiphansi akusafani nangesikhathi abantu bebezizwa sengathi baboleka komashonisa ngenxa yokumba eqolo kwayo.

Kunezinhlelo ezizohlomulisa abantu balesi sifundazwe ngamakhono namathuba omsebenzi.

"Sixhasa izinhlelo eziKwaZulu-Natal ngoba siyisikhwama sikahulumeni. Kumele kube yibhizinisi labantu abamnyama noma elinohlelo lwe-Broad Based Black Economic Empowerment oluzothuthukisa umnotho wesifundazwe, luhlomise abantu ngamakhono lwakhe nenqwaba yamathuba omsebenzi. Zonke lezi zigaba siyazibheka ngaphambi kokudedela imali ngoba inhloso yethu wukuqeda ububha negebe eliphakathi kwabacebile nabampofu," kusho u-Adam.

Uthe abafani nezinye izikhungo ezejwayelekile ngoba yize bebolekisa ngemali inhloso yabo enkulu wukuthuthukisa umnotho hhayi ukwenza inzuzo.

MICHAEL MABUYAKHULU

SIDDIQ ADAM

"Uma ungenaso isibambiso siyakwazi ukuthi uma uthenga embonini ungakhokhi isikweletu iminyaka emibili ngesikhathi usaqala ukusebenza. Lokhu sikwenziswa wukuthi siyazi ukuthi osomabhizinisi esibaboleka imali bazosebenza futhi inzuzo ayisheshi ibonakale uma usaqala ibhizinisi. Sibolekisa ngemali esukela ku-R30 million igcine ku-R200 million. Isikhwama sinempilo yeminyaka engu-15 (*closed lifespan*) kodwa okuzosenza siqhubeke nokusebenza wukuthi ngonyaka ozayo uhulumeni uzokwethula i-Equity Fund esiza abangenayo imali yokubambisa ngokubakhokhela u-30% wemali esuke idingwa kubona bese thina sibaboleka u-70%," kusho u-Adam.

UMabuyakhulu uyincomile i-KZN Growth Fund wagqugquzela nosomabhizinisi ukuba bayisebenzise ngoba izoqeda igebe eliphakathi kwabampofu nomacaphunakusale.

Uthe i-KZN Growth Fund ibalulekile ngoba igqugquzela osomabhizinisi ukuba batshale imali KwaZulu-Natal.

Imikhakha exhaswa yi-KZN Growth Fund ngowezokuthutha nokuthunyelwa kwempahla, ukukhiqizwa kwempahla, ezokuxhumana, ezamandla nogesi, ezokuthuthukisa kwengqalasizinda yezempilo nokufunda, ezolimo nokuthuthukiswa kwemikhiqizo yakhona, ezezimayini nokusiza imiphakathi eyakhele izimayini ukuba ihlomule neminye imikhakha

Liqhubekela phambili ibhizinisi elasungulwa ngoR25 000

BONISWA MOHALE

WENZA izigidi owaqala ibhizinisi lokwakha amafriji emicimbi
ngo-R25 000 ngoba engakwazi ukuboleka imali ethe xaxa ebhange.

UMnuz Ntokozo Biyela (38), wenkampani iMzansi Mobile Units ayisungule ngo-2007, uthi okwamenza wasungula ibhizinisi lokwakha amafriji angomahamba nendlwana wukubona usizi abantu ababebhekana nalo uma kunemicimbi emikhulu.

"Ngangibuka ukuthi abantu abanayo indawo yokubeka inyama esuke ihlatshiwe noma ithengwe yaningi kwenzelwa umcimbi.

"Abanye babeyibeka endlini yokhethe abanye bagcwalise u-ayisi ebhavini likathayela. Ngiqhamuke nesu lokwakha amafriji angomahamba nendlwana abeka inyama, iziphuzo nokudla," kusho uBiyela.

Uthe ngesikhathi esungula ibhizinisi babengekho abantu abenza amafriji angomahamba nendlwana kanti iningi labakhona njengamanje liqeqeshwe nguye.

Kwakungelula neze ngesikhathi eqala kwazise wayeno-R25 000 kuphela engenaso isibambiso esidingwa yibhange uma lizoboleka usomabhizinisi imali.

Ungomunye wosomabhizinisi baseThekwini abakwaze ukuthola amakhasimende ngokuhambela umbukiso iDurban Business Fair.

"Ngiqale ukusebenza ekhaya emuva kokuza kwiDurban Business Fair senginefemu eWestmead eduze kwasePinetown. Nginamakhasimende eMauritius, Lesotho, Angola nakwamanye amazwe ase-Afrika futhi ngenza izigidi. Ngiqale ngisebenza nomuntu oyedwa manje senginabasebenzi abangu-20," kusho uBiyela.

UMNUZ Ntokozo Biyela, weMzansi Mobile Units, uthi osomabhizinisi kumele basebenzise imibukiso yamabhizinisi ukuzikhangisa nokuthola amakhasimende amasha

Isithombe: PATRICK MTOLO

Ukuhambela imibukiso emikhulu njengeDurban Business Fair uthi kwamsiza ukuthola amakhasimende nokuthola uxhaso lwemali luka-R500 000 ngoba abakwaStandard Bank babebona ukuthi ibhizinisi lakhe lizophumelela.

U-R500 000 awuthola kwaStandard Bank wamsiza ukuthi akhe amafriji angu-15 njengoba ayesethola nama-oda amakhulu kanti emuva kwalokho ulokhu ekhule njalo.